**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa

## ISIQESHANA A

1.1 UZabalaza.√ (1)

1.2 Ngabandawonye √/bayazalana √/umfowabo nodadewabo.√ (1)

1.3 Wathi uma ehluleka yena uzozama izihlahla/umuthi.√ (1)

1.4 OKUKODWA kwalokhu:

- UNokulindela wayesemgcona ngakho ukungakwazi ukuzivikela √√/
- Kwamlethela isigcwagcwa. √√/
- Kwamephuca nesithunzi.√√ (2)

1.5 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

- Wathi ufuna ayomvusela umuzi kayise.√/
- Umama wakhe wayengenamuntu omphekelayo futhi akekho omunye ongakwenza lokho ngaphandle kwakhe.√/
- Wayemthanda kakhulu.√/
- Wayefuna ukuba ngumbheki wakhe.
- Wayefuna ukuphumuza umoya wakhe. (2)

1.6 '… Ukuze ngiphephe kule **mizaca,** ngicela nkosazana ufukamele umoya wami, ube ngowami ngibe umbheki wakho.' √√ (2)

1.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UNokulindela wayekha amanzi emfuleni. √√/
- Wayengakwazi ukuqoma omunye umuntu engakalali isoka lakhe.√√/
- Wayeneqhikiza lakhe uNomgedla. √√ (2)

1.8 C√/Ufelwe√ (1)

1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayeba nomzwangedwa akhumbule isoka lakhe ngoba lalihamba isikhathi eside lingabuyi ekhaya. √/
- Wagula uSandanezwe kungaqondakali ukuthi uphethwe yisiphi isifo okwenza ukuba uNokulindela abe yinhlekisa endaweni. √/
- Ukugula kukaSandanezwe kwenza ukuba bangakwazi ukuqhubeka nomshado wabo ukuze bagcine sebakhe umndeni.√/
- Wayehlezi ehlukunyezwa nguZabalaza emshela ngenkani ngoba isoka lakhe lingekho eduzane. √/
- Wandliswa nguNomgedla wagula wacishe walahlekelwa nawumqondo. √ (2)

1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNokulindela wathi usola uZabalaza ukuthi nguyena othakathe uSandanezwe ngoba efuna ukuthi athandane naye.√/
- UZabalaza wacasulwa ukuthi uNokulindela uyamnuka.√/
- UNokulindela ubiza uZabalaza ngelikayise. Nalokhu kuyamcasula uZabalaza. √/
- UNokulindela uhlekisa ngaye uZabalaza ngokuthi angamthola kanjani yena uma ehluleka ukuzilwela yena nenye insizwa. (2)

1.11 Ukwenzasasilwane. √√ (2)

1.12 Izimpendulo ziyokwehluka
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abavumayo bayothi** ...

- Yebo ngoba ngokwesiNtu umakoti ulotsholelwa ukuba azosiza umamezala ekhaya.√/
- Umakoti osuke elotsholwe ngezinkomo umfana azithole kuyise, kubalulekile ukuba abe wusizo kubo bonke abantu bomndeni.√/
- Abanye omakoti bayathanda ukuphekela nokunakekela omamezala ngokwendlela abasuke befundiswe ngayo emakubo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**NOMA**

**Abangavumelani bayothi** ...

- Akulungile ngoba omakoti banamuhla bayasebenza baphuze ukubuya emakhaya ngakho-ke abanaso isikhathi sokunakekela omamezala usuku lonke.√/
- Omakoti banamuhla sebejwayele ukuhlala emizini yabo ngakho-ke asikho isikhathi sokuphekela omamezala.√/
- Esikhathini sanamuhla, lokhu kubukwa njengokumfunela ukuba abe isigqila umakoti ebe naye eshiye abakhe abazali bengaphekelwa muntu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

1.13
- Wayengenaso isiqiniseko sokuthi isitho siyotholakala kuphi nokuthi kanjani. √/
- UNonkamfela wasithola isitho sangasese, wathi esebuya esibhedlela wafica singasekho. √ (2)

1.14 1.14.1 C√/Umzala kaSandanezwe√/

1.14.2 D√/Udadewabo kaSandanezwe√/

1.14.3 B√/Wamukela abafikayo emzini kaNonkamfela√/

1.14.4 A√/Ukanina kaZabalaza√ (4)

1.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMaNgiba nguyena owabona ingozi yebhasi. √/
- Wabe esehlaba umkhosi.√/
- Ukuhlaba umkhosi kukaMaNgiba kwenza uNonkamfela wakwazi ukuyosika isitho somzimba womuntu wesifazane ayesidinga. √ (2)

1.16. Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umbhali uyinikeze lesi sihloko esithi: **Ithemba Lami** le ncwadi ngoba umlingiswa omkhulu onguSandanezwe wayehlezi esethembeni lokuthi naye uyoze asinde, awise enkulu inkabi le ebonga nakwabaphansi.√/
- UNonkamfela wayenethemba lokuthi uma engathola isitho sowesifazane sangasese uyokwazi ukwelapha uSandanezwe.√/
- Ukuba ngcono kukaNokulindela kwamnikeza ithemba lokuthi mhlawumbe naye angasinda bagcine beshadile.√/
- Wayethi uSimakade namadlozi ngeke babayekelele bengabasizi.√/
- Wayenethemba lokuthi uma eqa esibhedlela eya ezinyangeni uzosinda. √ (2)

1.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UZabalaza wazabalaza kanzima eshela uNokulindela kepha uNokulindela engamfuni ngoba enesoka lakhe alithandayo.√√/
- UZabalaza wasebenza kanzima waze wasebenzisa umuthi wentando ethi wenzela ukuthi uNokulindela amthande. √√/
- Wazama ukumnyundela uSandanezwe entombini.√√/
- Wayezama ngisho nokumgcona uSandanezwe ngokugula kwakhe.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.18 Izimpendulo ziyokwehluka
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
**Abavumayo ukuthi wayesengasinda bayothi:**
- Eminye imithi yesiNtu iyasebenza kakhulu ukuthiba izifo eziyimixhantela yesifo sengculazi. √/
- Uma wayengaya kodokotela bese elandela imiyalelo yabo, adle imishanguzo, sasingathibeka isifo. √/
- Ukudla okunomsoco nokuzivocavoca kwakungamsiza nakho.√/
- Ukuzithiba, angayi ocansini olungaphephile kwakungamsiza nakho.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**NOMA**

**Abangavumelani nokuthi wayesengasinda bayothi:**
- Ukweqa kwakhe esibhedlela kwenza isifo sabhebhetheka.√/
- Wachithelwa uNonkamfela isikhathi ethi uzomsiza kanti naye uyahluleka ukwelapha lesi sifo.√/
- Wayephethwe isifo esingalapheki. √/
- Ukushintshashintsha izindlela zokwelashwa kwawugqilaza umzimba nomqondo wakhe, kwamenza wagula kakhulu.√/
- Ukuhlaselwa izifo ezehlukene kanyekanye kwase kuyizinkomba zokuthi ukufa sekuyamgojela, asemancane amthuba okusinda.√/
- Bonke abelaphi besintu ayehamba kubo bethi bayamelapha, babelapha isifo ababengasazi kodwa bengafuni ukusho ukuthi bayehluleka.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

**NOMA**

**UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 izindwangu. √ (1)

2.2 epulazini √ (1)

2.3 eMsinga√/ eMachunwini√ (1)

2.4 OKUKODWA kwalokhu:

- Washaywa uvalo ngoba wayengenaso isiqiniseko sokuthi ubizelwani.√√/
- Wayesaba nokuthi angase enziswe umsebenzi olukhuni kunalona wokushanela√√/
- Waba nenjabulo uma ezwa uNgobese ethi uma ubizelwa kuleli hhovisi usuke uzotshelwa izindaba ezimnandi. √√ (2)

2.5 Wayethi ubona ukuthi kungukuchitha isikhathi nokumosa imali ukufundisa intombazane ezobuye iye kogana.√√ (2)

2.6 'Uyabona lapha ndoda yamadoda, uma usebenza kahle, uyabongwa ikakhulukazi uma usebenza ngokuzikhandla ungalibali ukukhininda izindaba zangakini.'√√ (2)

2.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMaNdlovu wayelima odedangendlale bamasimu ukuze kube khona ukudla ekhaya. √√/
- UMaNdlovu wayesika abuye athunge izidwaba ukuze ayozidayisa emholweni. √√/
- Wayelusa izinkomo. √√ (2)

2.8 A/Ukushaywa uvalo kakhulu.√ (1)

2.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wakwazi ukusebenza kahle, wonga imali, walobola, waganwa. √/
- Waze wakhushulelwa esikhundleni ngenxa yokuzimisela. √/
- Wafundisa izingane zakhe, naye wabuye wafunda esikoleni sasebusuku.√/
- Wafunda nokushayela imoto. √ (2)

2.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNtombela washona kade ehlala nonkosikazi wakhe eGoli nezingane.√/
- UNtombela wayefihlile ukuthi unenye inkosikazi eXobho emakhaya.√/
- Ngesikhathi eseshonile, wafika unkosikazi waseXobho ehamba nabafana bakhe asebekhulile ezofuna isidumbu.√/
- Inkosikazi yaseXobho nayo yayingazi ukuthi uNtombela wayenomunye umndeni eGoli.√/
- Umka Ntombela waseGoli akatholanga lutho ngesikhathi sekwabiwa amafa ngoba uNtombela wayebhale unkosikazi wasemakhaya.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.11 ihaba √√ (2)

2.12 Imibono iyokwehluka
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abathi unawo umqondo bayothi:** ...
- Kwakungamsinda umuntu oyedwa ukubondla bobabili ebe enomndeni nawo odinga ukunakekelwa. √/
- Indlu kwakungenzeka ibe ncane bese bengakhululeki abantu abadala njengoba befisa.√/
- Ukuba khona kwabo bobabili kwakuzokwenza ukuthi amakhosikazi nezingane zabo bangakhululeki ngoba abantu abadala babezofuna ukulawula. √

**NOMA**

**Abathi awunawo umqondo bayothi:** ...
- Abantu abasebehlale ndawonye isikhathi eside kangaka babengeke bakujabulele ukuhlala ngokwehlukana bengaxabene.√/
- Babekhonzene kakhulu oManyoba noMaNdlovu.√/
- Babefundise izingane ngoba bekholelwa ukuthi ziyoba usizo kubona uma sebephelelwe ngamandla okuzisebenzela.√/
- Yikho okwakuyoba ngcono ukubondla bekhona ekhaya labo khona bezoqhubeka babheke imfuyo yabo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
uManyoba:
- Wahlala nensizwa eyodwa baze bagibela itekisi eyagcina ingagcwalanga.√/
- Umshayeli wetekisi wathi useyolala yena abazibonele, wase ebashiya.√/
- Kulapho-ke bagibela imoto bahlaselwa izigebengu.√/
- Zabashaya, zabaphuca imali, zabashiya zithi bafile.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.14 2.14.1 D√/Bacishe balunywa izinja.√/

2.14.2 A√/Akezwani nokuthandaza.√/

2.14.3 B√/Emzini kaMduduzi.√/

2.14.4 C√/Wathi UMaNdovu uyathakatha.√ (4)

2.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba nonkosikazi wakhe base bethathe isinqumo sokuduka nezwe eMnambithi, kwaqhamuka umfundisi, wabathatha waya nabo emzini wakhe.√/
- Wabanika indawo yokulala, wabapha nemali.√/
- Lokhu kwenza bakwazi ukugibela baye eGreytown emzini wabo ngakusasa.√/
- UManyoba wadlala iLotto ngemali wagcina eseyiwinile. √

(2)

2.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba wayegqoka izimpahla ezishwabene kwandodana yakhe, umakoti kaMjwayeli engam'ayineli.√/
- Kwakuthi noma ecela insimbi yoku-ayina angayinikwa.√/
- Wayengenaye umuntu omwashelayo ehlezi engcolile.√/
- Wayesebukeka eguga kube sengathi akasadli.√/
- Uma efunda incwadi ebusuku atshelwe ukuthi ugesi uyakhokhelwa.√ (2)

2.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Abazali babemqambe leli gama ngoba benethemba lokuthi indodakazi yabo izokhula ibe nezenzo ezinhle.√√/
- UThembalihle wayenguzinyobulala ngakho-ke wonke amathemba abo babewabeke kuyena. √√/
- UMaNdlovu akalilahlanga ithemba kumzukulu wakhe waqhubeka nokumnikeza izeluleko ezakhayo. √√/
- Wayeke ahambe ekhaya, kodwa kwathi uma ugogo wakhe ekhuluma naye embonisa washintsha ukwenza uThembalihle.√√/
- UThembalihle wazamukela izeluleko zikagogo, sase siyafezeka isifiso sikaMaNdlovu nabazali bakhe sokuthi akhule abe yithemba emndenini.√√/
- Nguyena owayeyelethela ugogo ithemba ngokumeseka nakuba unina ayengamfuni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.18 Imibono iyokwehluka

**Abavumayo bayothi yebo wawusengashintsha ngoba** ...

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Mhlawumbe unkosikazi kaFanyana wayengaliboni iphutha kulokhu ayekwenza, kwakungathi uma eboniswa ashintshe umqondo, enze kangcono.√/
- Kwakungenzeka ukuthi lo mkhuba kwakuyinto yesikhashana ngoba wayengakujwayele ukuhlala nomamezala, kwakungathi ngokuhamba kwesikhathi ashintshe.√/
- Wayengashintsha uma ezobuyela kubo okwesikhashana abazali bakhe bameluleke ngendlela yokuziphatha emzini. √/
- Wayengashintsha ukube uFanyana wayeqinisa isandla akulwele ukuthi umama wakhe aphathwe kahle futhi ahlonishwe. √/
- Omakhelwane babemkhuluma kabi ngalesi senzo sakhe, okwakungamenza akhishwe inyumbazane endaweni. Lokhu kwakungamshintsha umqondo.√/
- Abantu bayakhula bese bewabona amaphutha abo, bashintshe.√

**NOMA**

**Abaphikayo bayothi cha wawungeke ushintshe ngoba ...**

- Kwesinye isikhathi umuntu ongenanhlonipho kumamezala nakumyeni wakhe usuke evele engakhulisekanga kahle.√/
- UMaNene wayaziwa ukuthi ungumuntu onenkani.√/
- Emqondweni wakhe wayezitshela ukuthi yena ugane umyeni wakhe, akangene kumamezala.√/
- Abanye omakoti bamanje bayakwazisa ukonga ukudla, baze benze nokungafanele.√/
- Abanye omakoti bangena emshadweni bengakwazi okulindeleke ukuthi bakwenze ukusiza emndenini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

**UMSHADO – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 Iphupho likababa wakhe lokuthi kumele aganwe.√ (1)

3.2 Emsebenzini/esikoleni ayefundisa kuso.√ (1)

3.3 USifiso√ (1)

3.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umalume wamduba ngoba enza izinto eziphambene, efuna ukushada nomfelokazi osazilile, ongafundile, ongaziwa nemvelaphi yakhe.√√/
- Umalume wathi angeke abe yingxenye yabantu abazohambisa ilobolo.√√/
- UBhekani wayengasenaso isiqiniseko sokuthi umalume wakhe uzoya emshadweni ngenxa yokulimala kobudlelwane babo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.5 Wayethi uma ezifaka esikalweni izintombi ake athandana nazo, ezihlolisisa zonke zingafaneli ukumgana.√√ (2)

3.6 Umusho OWODWA kwelandelayo:

- Izinwele lezi zilungiswe ngobunono obukhulu.√√/
- Zinhle, zihlangene, zikanywe kahle.√√/
- Izihlathi ungathi ziyapholishwa.√√ (2)

3.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo.

- UBhekani uzalelwe wakhulela endaweni eyidolobha, akawahloniphi amasiko. √√/
- Ngenxa yokuthi ukhulele edolobheni kwaba lula kuyena ukuthandana nentokazi ezilile ngoba kule ndawo alaziwa ihlazo. √√/
- Ukukhulela kwakhe kule ndawo kwenza ukuthi angazazi izinto ezingamasiko njengoba enqaba ukushisa impepho. √√/
- Ukubhema nokudla izidakamizwa kukaTholakele nomngani wakhe akuzange kumenze ukuthi ahlukane naye ngoba kungumkhuba ojwayelekile kule ndawo. √√/
- Walobolela emjondolo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.8 C√/Liyaxaka√ (1)

3.9. Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Kwaba nomphumela omubi ngoba ...

- Badudana noZenze ngobugebengu bokuqola imali kaBhekani. √
- UTholakele waphenduka isigebengu, lokhu kwenza uBhekani walutheka walobolela emjondolo kaTholakele.√/
- UTholakele walahlekelwa umuntu ayemthanda ngenxa yokungathembeki. √/
- Konakala ubudlelwane phakathi kwakhe nobaba wakhe ngenxa yokuthi uZenze akayihambisanga imali eyayilethwe ngabakhongi kubaba kaTholakele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.10
- Ingxabano yasuswa ukufika kukaBhekani endlini kaTholakele kukhona uBhatomu. √/
- UBhekani wacela ukukhuluma noTholakele ngaphandle, uBhatomu wanqaba. √/
- UBhatomu washaya uTholakele ngempama, kwase kumthukuthelisa lokho uBhekani. √ (2)

3.11 Isenzasamuntu√√ (2)

3.12 Imibono iyokwehluka
**Abathi unawo umqondo bayothi:**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kubalulekile ukwazi imvelaphi yomuntu ukuze ube nesiqiniseko sokuthi awuloboli inkosikazi yomuntu.√√/
- Umalume ungumuntu osemdala owaziyo ngemigudu elandelwayo uma kwakhiwa ubuhlobo ukuze kugwemeke izinkinga emshadweni. √√/
- Umalume ufuna ukumsiza njengomshana wakhe ngakho-ke wayengeke amdukise. √√/
- Umalume akafuni ukuphoxeka ngokwenza izinto ezingahlelekile njengoba uBhekani agcina elobolela emjondolo. √√

**NOMA**

**Abathi awunawo umqondo bayothi:**

- Umuntu osekhulile njengoBhekani kumele enze akufisayo futhi akwazi ukumelana nemiphumela yezinqumo azithathile.√√/
- Umalume kumele azi ukuthi idokwe lidliwa yinhliziyo, umuntu ukhetha lapho ethanda khona. √√/
- Umalume akanalo ilungelo lokwahlulela nokugxeka uTholakele. √√/
- UBhekani uphila esikhathini samanje lapho amasiko nemikhuba yakudala ingasanakwa ngakho-ke imibono kamalume wakhe yayingamsizi ngalutho. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngosuku lomshado kwatheleka abelungu ababili endlini yesonto okwakushadelwa kuyo, noPamella eseboshiwe.√/
- Iphoyisa elilodwa lakhipha izinsimbi labopha uTholakele.√/
- Akabange esakwazi ukuvalelisa kuBhekani ngoba uTholakele noPamella base befakwe evenini.√/
- Amaphoyisa ayisusa ngokukhulu ukushesha yanyamalala iveni. √/
- UBheki wasala ekhamisile nesudu kanokusho. √ (2)

3.14 3.14.1 C√/Unodlame√/

3.14.2 A√/Wathi kuthiwa umakoti udla izidakamizwa. √/

3.14.3 D√/Wenza izibhamu ezingekho emthethweni√/

3.14.4 B√/Wakhulelwa engashadile√ (4)

3.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UPamella ungumngani kaTholakele enza naye ubugebengu. √/
- UPamela uthandana noTholakele. Lokhu kumphatha kabi uBhekani ngoba uzimisele ukuganwa nguTholakele. √/
- Udayisa insangu abuye abheme izidakamizwa noTholakele. √/
- Nguye owalanda imali eyayibolekwe nguTholakele kuBhekani. √/
- Kusolakala ukuthi nguye owantshontsha uLindiwe ngoba nguye owayehamba ngemoto ebomvu. √
- Wayesolakala ukuthi naye uyathinteka ekulahlekeni kukaLindiwe ngoba nguye owayehamba ngemoto ebomvu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

Yebo umbhali usikhethe kahle isihloko esithi: **Umshado** ngoba ...

- UBhekani wayefuna ukukhuluma noTholakele ngoba wayefuna ukumeshelela ukuthi amgane.√/
- Ephusheni ubaba kaBhekani wayeyixosha ngomkhonto intokazi eyayigqoke izingubo ezimnyama, kodwa uBhekani waqhubeka nenhloso yakhe yokushada noTholakele.√/
- Unina wayemexwayisa ngokuthandana nomfelokazi kodwa yena ethi uthando analo lungaphezu kobufelokazi, uzomshada noma engumfelokazi.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.17 Yebo uphumelele ngoba ...
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- ULindiwe wakwazi ukubuyela kuBhekani ngethemba lokuthi uBhekani usamlindile.√√/
- Wayenethemba lokuthi umama kaBhekani umlindile ukuthi abuye ngoba wayemthanda.√√/
- Wayelindiwe ukuthi mhlawumbe wayezowumisa umshado njengoba wayesenengane noBhekani, kunalokho wadonsa uBhekani wangena naye emotweni bahamba. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.18 Imibono iyokwehluka
**Abavumayo bayothi yebo wawusengashintsha**:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ukushada kwakhe noBhekani ongesona isigebengu kwakungamenza aphume ebugebengwini. √/
- Wayengashintsha ukuba wayengahlukana nabangani bakhe abenza okungalungile. √/
- Ukubuyela emakhaya avume ukuyongenwa nguBhatomu kwakungasihlenga isimilo sakhe. √/
- Mhlawumbe ukuya ezindaweni ezihlumelelisa izimilo zabantu abadla izidakamizwa kwakuyomsiza. √/
- Ukuba wayengabuyela esikoleni njengesifiso sikaBhekani wayeyoshintsha.√

**NOMA**

**Abaphikayo bayothi cha wawungeke usashintsha**:

- Wayeseyijwayele kakhulu impilo yobugebengu. √/
- Abantu abadla izidakamizwa baba nenkinga yokuziyeka. √/
- Luningi kakhulu uhlobo lobugebengu ayebenza. √/
- Kwakungeke kusaba lula ukuthandana nomuntu wobulili obehlukile ngoba wayebuye athandane noPamella√/
- Wayengeke akwazi ukulalela ahloniphe imithetho yakubo kaBhekani ngoba wayengasayejwayele impilo ehlelekile.√ (3)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) **[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

## ISIQESHANA G

4.1 Endlini okuhlala kuyo uMbandlwa. √ (1)

4.2 NguMbandlwa √/ Ngunobhala wekhansela√ (1)

4.3 Usayitsheni wayekholelwa ukuthi uDlamini ushaye uMbandlwa ngoba ehlukunyezwa ukubona uDuma ethela inkosi yakhe ngothuli/ngehlazo√√ (2)

4.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wasatshiswa abafana abadlula baqhumisa isibhamu eduze komuzi wakhe.√/
- Abafana abahambisana nenkosi badlula emzini kaDuma badelela.√/
- Ukulimala kukaMbandlwa eshaywe uDlamini. √/
- Wayebona ukuthi impilo yakhe nekaDuma isengcupheni. √ (2)

4.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayeyobika eMnyangweni kaHulumeni ukuthi abantu abazwelana nenkosi bayamphazamisa emsebenzini wakhe wobukhansela.√√/
- Wayeyocela usizo eMnyangweni kaHulumeni ukuze asebenze ngokukhululeka futhi akwazi ukubamba imihlangano ngaphandle kokuphazamiseka. √√ (2)

4.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ekuqaleni komdlalo bobabili babesebenzisa ulaka ekwelulekeni abayeni babo, ngokuhamba kwesikhathi bayaguquka bashumayele eyoxolo. √/
- UMaShezi watshela uDuma ukuthi akazehlise enkosini ukuze kube noxolo endaweni, uMaNgema yena wancenga umyeni wakhe ukuba abizele uDuma komkhulu ukuze baqale izingxoxo zoxolo. √/
- UMaShezi noMaNgema babamba umhlangano ngasese wokwenza imizamo yoxolo endaweni. √/
- Bobablili bagane abaholi endaweni, ngakho-ke bafuna ukuba isibonelo esihle kwabanye besifazane. √/
- Bobabili bayazimbandakanya kwezombusazwe endaweni. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.7 UDlamini wafika emhlanganweni owawubizwe ikhansela, wahilizisana noMbandlwa wase emshaya ngenduku ekhanda. √√ (2)

4.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Uhulumeni wafaka intando yeningi ngaphandle kokubeka umthetho ozocacisa ngamandla amakhosi. √
- Izinkinga ezindaweni zamakhosi zadalwa ukuthi kwase kuqale ukubusa ngentando yeningi.√/
- Abantu ababesalandela indlela yokubusa ngendabuko baba nobunzima uma sekufanele kulalelwe ikhansela kunenkosi. √/
- Abantu base beqembukelene endaweni sekukhona udlame. √ (2)

4.9 Yenzeka ngesikhathi samanje/sanamuhla√ ngoba:
OKUKODWA kwalokhu:
- UDuma uyikhansela okuyinto yanamuhla.√/
- UDuma wayefunda oHlange.√/
- Uduma noMbandlwa bakhuluma ngokubhalwa kwezaziso ngekhompyutha.√

**NOMA**

Yenzeka ngesikhathi sakudala ngoba:
OKUKODWA kwalokhu:
- Kwakusanda kuvotwa okokuqala eNingizimu Afrika okuyiminyaka engaphezulu kwamashumi amabili. √/
- Kunokungayiqondi intando yeningi emphakathini wakule ndawo. √/
- Kusenokushayisana phakathi kweqhaza elibanjwa ngabaholi bendabuko namakhansela emphakathini. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Inkulumo-mpendulwano phakathi kwabalingiswa iyayikhulisa indaba, njengoba sizwa ingxoxo phakathi kukaDuma noMbandlwa. √√/
- Encwadini engumdlalo umbhali usebenzisa inkulumo-mpendulwano ukuxoxa indaba njengoba sizwa ukuthi uDuma wahamba kanjani eMgungundlovu. √√/
- Inkulumo-mpendulwano isivezela imizwa kanye nezenzo zabalingiswa njengoba sizwa uMbandlwa ekhombisa ukudinwa uma kuthiwa akanike uDuma ithutshana. √√/
- Inkulumo-mpendulwano isivezela ukuthi abalingiswa bangabantu abanjani njengoba sibona ukuthi uDuma akalaleli uhamba enamathisela amaphepha ezimemo engakhulumanga nenkosi. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.11 Cha akulona iqiniso:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Lo mdlalo awukhulumi ngoMazongolo kusuka ekuqaleni kuze kufike esiphethweni sayo. √/
- UMazongolo ungumlingiswa omncane kulo mdlalo ngoba uvela ngenxa yesimo esithile.√/
- Aziziningi izigameko/udweshu oluthinta uMazongolo kulo mdlalo. √/
- Ummeleli kulo mdlalo nguDuma, ngoba nguyena olwela ukuletha intuthuko kule ndawo kusuka ekuqaleni kuze kufike esiphethweni somdlalo. √/
- Udweshu oluningi luthinta uDuma. √/
- UDuma uvela ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni komdlalo. √/
- Lo mdlalo ubungeke iqhubeke ngaphandle kukaDuma. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.12 Wavula ngomthandazo. √ (1)

4.13 Into engakaze yenzeke √/into eqalayo ukwenzeka. √ (1)

4.14 Indikimba: Izingqinamba zezombusazwe √/intando yeningi √

- Ukuhluleka ukubekezelelana kwezombusazwe phakathi kukaDuma noShandu kuyiveza ngokusobala inkinga emayelana nokulethwa kwentando yeningi kubantu abangayiqondi. √/
- UDuma uzibona emkhulu kunenkosi ngoba ethi yena ukhethwe ngabantu, lokhu kudala ukuthi kube nokushayisana phakathi kwakhe nenkosi. √/
- Ingxabano phakathi kwenkosi noDuma yenza ukuthi abantu baqembukelane phakathi. √/
- Kunamashoshozela alukhulisayo lolu dweshu phakathi kukaDuma nenkosi. √/
- Umbhali ubengeke aphumelele ukusicacisela kahle ngendikimba yakhe ngaphandle kokusebenzisa ingxabano phakathi kukaDuma nenkosi uShandu. √
- Unobhala uMbandlwa akayizwa eyokukhothamela inkosi, kanti ngakolunye uhlangothi uDlamini usebenzisa udlame ukusabisa abantu abahambisana nekhansela. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Abantu abaningi babehambisana nenkosi, yingakho nje noDuma wavotelwa abantu abancane. √√
- Abantu abaningi babenokwesaba ngoba babengayiqondi kahle ukuthi intando yeningi iyini futhi ibaphatheleni. √√
- Abantu babesaba ukuthi intando yeningi izoqeda nya ngobuholi bendabuko. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMbandlwa unamagqubu okuyinto ejwayelekile kubantu abaningi.√√/
- Uyazikhukhumeza, akahloniphi, akaziboni elingana nabanye abaholi, okuyinto ejwayelekile kwabanye abaholi bamanje.√√/
- Ugqugquzela ukungezwani kanye nodlame endaweni.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.17 **Yebo kwakuyoba isenzo esihle**:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuhlala noDuma kwakubeka impilo yakhe engcupheni/engozini. √√/
- Ukunqaba kukaDuma ukwakha uxolo nenkosi uShandu kwakuyosho ukuthi akayikhathalele impilo yomkakhe. √√

**NOMA**

**Cha kwakungeke kube yisenzo esihle:**

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umshado wabo wawungakhelwe phezu kwezikhundla nokuphatha abantu. √√/
- Umshado uyisifungo sokuthi bayokwehlukaniswa ukufa. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.18 Yebo ngiyagculiseka ngoba esiphethweni salo mdlalo kuba khona umhlangano woxolo futhi uDuma nenkosi bayazibophezela esivumelwaneni soxolo nokusebenzisana. √√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**NOMA**

Cha angigculiseki ngoba akukho sijeziso esigcina sitholwe nguDuma ngokungayihloniphi inkosi. √√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.19 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo
- UDlamini wathi wasikaza uMbandlwa ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi. √/
- Amadoda ayehamba noDlamini ayemfakazela kulokhu ayekutshela inkantolo. √/
- UMbandlwa wayengenabo ofakazi ngoba ikhansela kanye nababehambele umhlangano ngalolo suku babengaphakathi ekilasini. √/
- UDlamini wayenommeli onobuhlakani. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**NOMA**

## UMBUZO 5: ICALA KALIBOLI – VM Mbhele

## ISIQESHANA I

5.1 BakwaMaNsibande √/Emzini kaMaNsibande √ (1)

5.2 NguNhleko √ (1)

5.3 OKOKODWA kwalokhu:
- Kwashona ubaba wakhe.√√/
- Umama wakhe waboshwa.√√/
- Umama wakhe wadayisa umuzi ngoba ebalekela izigebengu.√√ (2)

5.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayenokwesaba ukuthi umfundisi uzombona bese ekhumbula yonke into eyenzeka ngosuku adutshulwa ngalo. √ /
- Wayesaba ukuthi amaqiniso azophuma uma umfundisi esephapheme futhi esekwazi ukukhuluma. √/
- Wayehlushwa unembeza engafuni ukubhekana nomfundisi emva kokuba emenze isilo sengubo.√ (2)

5.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayefuna ukumazisa ngezinto ezenzeka emzini wakhe uma engekho.√√/
- Wayefuna ukuthola izeluleko ezinobuhlakani mayelana nalesi simo ayebhekene naso. √√/
- Wayefuna ukuthola izeluleko zomthetho mayelana nemizamo engenziwa ukuvikela impilo yakhe kanye nomcebo wakhe. √√ (2)

5.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Bobabili bayizigebengu ezazesabisa uSonto ngokumbulala uma engayikhokhi imali ababeyifuna. √/
- Bobabili babebhema insangu. √/
- UMthofi noToronto babebambisene ekubulaleni uMbhele. √/
- Baboshwa kanyekanye ngecala lokubulala uMbhele. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USonto wafika esibhedlela ngenhloso yokungena egunjini okwakulaliswe kulo umfundisi, uNhleko wamenqabela ukuthi angene.
- Kwaba nokunqakisana ngamazwi phakathi kukaSonto noNhleko.
- UNhleko wathi uma uSonto enenhloso yokukhulekela umfundisi kumele athandaze engaphandle kwegumbi ayelaliswe kulo.
- Le nkulumo kaNhleko yamcasula kakhulu uSonto. √√/ (2)

5.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USonto wabulala unkosikazi kaMbhele ngoba efuna ukungena emnothweni/emafutheni. √√/
- UMbhele wathandana noSonto lokho kwakhombisa ukungathembeki emshadweni. √√ (2)

5.9 Yenzeka ngesikhathi samanje/ sanamuhla√ ngoba :
OKUKODWA kwalokhu:
- UZinhle ufunda esikoleni esixube izinhlanga. √√/
- Ukhuluma axube isiNgisi nesiZulu. √√/
- Uzinhle wayehamba ngemoto eya noma ebuya esikoleni. √√ (2)

5.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkulumo-mpendulwano phakathi kwabalingiswa iyayikhulisa indaba, njengoba sizwa ingxoxo phakathi kukaMaNsibande noSonto.√/
- Encwadini engumdlalo umbhali usebenzisa inkulumo-mpendulwano ukuxoxa indaba njengoba sizwa ukuthi uNhleko ubikela uMaNsibande ukuthi umfundisi udutshuliwe.√/
- Inkulumo-mpendulwano isivezela imizwa kanye nezenzo zabalingiswa njengoba ekhala uMaNsibande.√/
- Inkulumo-mpendulwano isivezela ukuthi abalingiswa bangabantu abanjani njengoba sibona ukuthi uSonto akanalo iqiniso.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.11 Cha akulona iqiniso:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Le ndaba ayikhulumi ngoMaMkhize kusuka ekuqaleni kuze kufike esiphethweni sayo. √/
- UMaMkhize ungumlingiswa omncane kule ndaba ngoba uvela ngenxa yesimo esithile.√/
- Aziziningi izigameko/udweshu oluthinta uMaMkhize kulo mdlalo. √/
- Ummeleli kulo mdlalo nguSonto, ngoba nguyena obhekene nenkinga yokuhlushwa nguMthofi efuna imali yakhe kusuka ekuqaleni kuze kufike esiphethweni somdlalo. √/
- Udweshu oluningi luthinta uSonto. √/
- USonto uvela ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni komdlalo. √/
- Le ndaba ibingeke iqhubeke ngaphandle kukaSonto. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA J

5.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kunosuku lapho ahamba wathi uyobona umama wakhe wabuya phakathi kwamabili. √/
- Wayengamtsheli iqiniso ngezinto ezazenzeka emzini wakhe uma engekho. √
- Ukuphenywa ngamaphoyisa kepha angamazisi umyeni wakhe. √ (1)

5.13 Lisho ukubuzwa imibuzo ngamaphoyisa.√ (1)

5.14 Indikimba: Ubugebengu√/umona√
OKUKODWA kwalokhu:

- UMthofi uxabana noSonto bebanga ukuthi akayitholanga imali yokubulala uMaNtuli. √/
- USonto wenza imizamo yokuthola le mali efunwa nguMthofi ngokuthi abambe umfundisi inkunzi, le mizamo yakhe ayiphumelelanga. Lokhu-ke kwenza ukuthi ingxabano yabo iqhubekele phambili. √/
- Waphinde wacela oMthofi ukuthi babulale uMbhele ukuze athole imali. Naleyo mizamo yakhe yokuthola imali ayiphumelelanga futhi wakhetha ukubaleka. √/
- Umbhali ubengeke aphumelele ukusicacisela kahle ngendikimba yakhe ngaphandle kokusebenzisa ingxabano phakathi kukaSonto noMthofi. √/
- UMthofi noToronto bafika kwaMbhele sebezomfuna ukuze bamenze isilo sengubo uma engayikhiphi imali yabo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayengafuni ukusoleka ukuthi uhlangene nokufa kukaMaNtuli. √√/
- Wayengafuni ukuzihlanganisa nesigebengu esaziwayo endaweni. √/
- Wayesaba ukuthi uma uMthofi embona uzombangela isicefe ngokulokhu embuza ngemali. √√/
- Wayecabanga ukuthi uMthofi uzobolela ejele. √√/
- Wayezicabangela yena yedwa engafuni ukukhokhela uMthofi imali yakhe. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umfundisi wenza umsebenzi omuhle wokuphatha ibandla ngokwethembeka. Lesi senzo silindelekile kumfundisi. √√/
- Uphatha izimali zebandla ngokucophelela futhi nabazalwane bayamethemba. √√/
- Uhlala endlini yesonto okuyinto elindelekile kumuntu ongumholi webandla. √√ (2)

5.17 **Yebo kwakuyoba isenzo esihle ngoba:**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakuyosindisa impilo yakhe nomcebo wakhe. √√/
- Indodakazi yakhe yayingeke isale ingenabo abazali eduzane. √√

**NOMA**

**Cha kwakungeke kube yisenzo esihle ngoba:**

- Umshado wabo wawungakhelwe phezu kwemibandela, yokuthi akekho oyotholakala esephutheni. √√/
- Umshado uyisifungo sokuthi bayokwehlukaniswa ukufa. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.18 **Imibono iyokwehluka:**
Yebo ngiyagculiseka esiphethweni salo mdlalo uSonto, uMthofi noToronto bayaboshwa bajeze kanzima ngezenzo zabo. √√

**NOMA**

Cha angigculiseki ngoba akuveli ukuhlupheka kukaSonto emva kokuqeda isigwebo obekuzoba isifundo esihle emphakathini. √√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.19 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wayekhona kubalwa imali yomnikelo.√/
- Nguye owaqhamuka nombono wokuthi imali ayihambe nomfundisi.√/
- UMaNsibande nguye owahambisa uMfundisi ekhaya ngemoto.√/
- UNhleko wayecabanga ukuthi uMaNsibande nguye owagcina ukubona umfundisi ngalobo busuku ngaphambi kokuba adutshulwe.√ (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 Emgwaqeni ngasesitolo. √ (1)

6.2 UDumisani.√/ Ngumfowabo kaSikhumbuzo√ (1)

6.3 Wayemsola ngokuthi wonisa uThenjiwe emzini.√√ (2)

6.4 Kwakumele bamchazele ngesiko lokungenwa. √√ (2)

6.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayeshonelwe umuntu ayemthanda ngokweqiniso, uSikhumbuzo wamshiya nesizungu.√√/
- Wayengahambisani nesiko lokungenwa. √√/
- Wayefuna ukuyoqala impilo entsha ezothokozisa yena. √√/
- Wayengenalo ulwazi oluphelele ngesiko lokungenwa, engazange achazelwe muntu. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Bobabili bayameseka uThenjiwe kulolu sizi abhekene nalo. √/
- Bobabili babona sengathi isiko lokungenwa seliphelelwe yisikhathi. √/
- Babona sengathi kumele owesifazane angaphoqelelwa ngesiko, lokungenwa alenze ngokuzithandela kwakhe. √/
- Bobabili babemduduza bemnika izeluleko uma kunesidingo salokho. √/
- Yibona bobabili ababemvakashela.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UDumisani wahlangana noThenjiwe ehamba noSipho ngasezitolo, wazama ukumisa uThenjiwe kodwa wenqaba.
- UDumisani wabamba uThenjiwe ngengalo bagcina sebelwa, uSipho wazama ukubalamula. UDumisani washaya uSipho. USipho wakhipha ummese wagwaza uDumisani engalweni. √ √ (2)

6.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Into ebangwayo kulo mdlalo ukuthi uThenjiwe wayefuna ukusebenzisa ilungelo lakhe lokuzikhethela okumele akwenze emva kokushona kukaSikhumbuzo. √ √/
- Abasemzini bona babefuna ukusebenzisa isiko lokungenwa ukuze bamphoqe ukuthi angenwe nguDumisani. √ √ (2)

6.9 Yenzeka ngesikhathi samanje/sanamuhla√ ngoba:
OKUKODWA kwalokhu:

- UThenjiwe ungumlingiswa ophila impilo yesimanjemanje, lokhu sikubona ngokuthi alwele ilungelo lakhe lokuzikhethela njengomuntu wesifazane ophila ezweni elikhululekile. √√/
- Akahambisani nesiko lokungenwa ngoba ubona sengathi licindezela abantu besifazane.√ √ (2)

6.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkulumo-mpendulwano phakathi kwabalingiswa iyayikhulisa indaba, njengoba sizwa ingxoxo phakathi kukaSipho noThenjiwe.√/
- Encwadini engumdlalo umbhali usebenzisa inkulumo-mpendulwano ukuxoxa indaba njengoba sizwa ukuthi uThenjiwe uxoxela uSipho ukuthi kufanele angenwe nguDumisani.√/
- Inkulumo-mpendulwano isivezela imizwa kanye nezenzo zabalingiswa njengoba sizwa uThenjiwe esho ukuthi useyamzonda uDumisani usecabanga ngisho ukumenza kabi.√/
- Inkulumo-mpendulwano isivezela ukuthi abalingiswa bangabantu abanjani njengoba sibona ukuthi uThenjiwe ethi uDumisani ngabe uyahlanya uma ezofuna yena lapha ezitolo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.11 Cha, akulona iqiniso:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Le ndaba ayikhulumi ngoMondise kusuka ekuqaleni kuze kufike esiphethweni sayo. √/
- UMondise ungumlingiswa omncane kule ndaba ngoba uvela ngenxa yesimo esithize. √/
- Aziziningi izigameko/udweshu oluthinta uMondise kulo mdlalo. √/
- Ummeleli kulo mdlalo nguThenjiwe, ngoba uyena olwela ilungelo lakhe lokuzikhethela kusuka ekuqaleni kwendaba ize iyofika esiphethweni. √/
- Udweshu oluningi luthinta uThenjiwe. √
- UThenjiwe uvela ekuqaleni kuze kuyofika esiphethweni somdlalo. √/
- Le ndaba ibingeke iqhubeke ngaphandle kukaThenjiwe. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA L

6.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Izigebengu zikamakoti /zikaThenjiwe √/
- Isoka likaThenjiwe √ (1)

6.13 Lisho umuntu wesilisa othandana noThenjiwe. √√ (1)

6.14 Indikimba: Isiko nelungelo √

- UThenjiwe uxabana noMaMbatha ngoba kunokushayisana kwemibono ngesiko lokungenwa. √/
- UMaMbatha wayefuna ukuphoqelela uThenjiwe ngaleli siko ayengezwani nalo. √/
- Umbhali ubengeke aphumelele ukusicacisela kahle ngendikimba yakhe ngaphandle kokusebenzisa ingxabano phakathi kukaMaMbatha noThenjiwe. √/
- Lolu dweshu phakathi kukaMaMbatha noThenjiwe luqala indaba isuka ize iyophela. √ (2)

6.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Isiko elaziwayo endaweni, futhi imizi eminingi eyakhelene nabakwaMondise seyike yavelelwa isimo esifanayo nesikaThenjiwe yayilisebenzisa leli siko. √√/
- Kwakungajwayelekile kule ndawo ukuthi abantu besifazane babuye emendweni kwakuthathwa njengehlazo ukwenza isenzo esinjalo. √√/
- UMondise wayengenawo amandla okubuyisela izinkomo zelobolo kwaZungu. √√/
- UMondise wathi isiko elihle leli, uyalazi ukuthi liyasebenza. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UThabi uhlale ebeka umndeni wakhe phambili okuyinto elindelekile kumuntu osemncane ukuthi angazikhathazi ngokubi okushiwo ngabanye abantu ngaye. √√/
- Ulwela ukuthi uThenjiwe angahambi/ angaphindeli kubo ngoba lokho kuzophazamisa inhlalakahle yomndeni wakhe. Wayesaba ukuthi uzoba nesizungu uma uThenjiwe ehamba.√√/
- UThabi wasindisa impilo kaDumisani ngokuthi acebe uThenjiwe ukuthi nguyena owafaka ushevu etiyeni.√√ (2)

6.17 Izimpendulo ziyokwehluka.

**Cha kwakungesona isenzo esihle ngoba**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UThenjiwe wayenelungelo lokuzikhethela umuntu azophila naye impilo yakhe emveni kokushonelwa umyeni. √√/
- UThenjiwe wayengeke ahlale kahle noDumisani uma ngabe inhliziyo yakhe yayingamthandi, noma kuthiwa isiko liyamvuna uDumisani. √√

**NOMA**

**Yebo kwakuyisenzo esihle:**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kuyisiko elaziwayo ukuthi umakoti oshonelwe ngumyeni wakhe esemncane angenwe ngomunye wakubo kamyeni wakhe. √√/
- UThenjiwe babemthanda kwaZungu sebejwayele ukuhlala naye. √√/
- UMondise wayengeke esahlupheka ngokubuyisela izinkomo zakwaZungu uma ngabe wayengasenaso isifiso sokukwenza lokho.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.18 Izimpendulo ziyokwehluka.
**Abathi bayagculiseka bayothi**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Inkinga etholakala esingenisweni salo mdlalo iyaxazululeka ngendlela ejabulisa abantu abaningi ngoba kugcina kunokuthula emndenini. √√/
- Ubuhlobo phakathi kwabakwaMondise nabakwaZungu buyaqina. √√/
- UThenjiwe wakugwema ukuboshwa ngokuthi ahambisane nesiko. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Abathi abangagculiseki bayothi**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ummeleli kulo mdlalo waphoqelelwa ukuba enze into angahambisani nayo okungukugana uDumisani. √√/
- Abafundi bangagcina sebenomqondo wokuthi isiko libalulekile kunelungelo noma kuyinto enhle ukuphoqelela umuntu wesifazane ukuthi alandele isiko. √√/
- Lesi sixazululo sasivuna uhlangothi olulodwa ngoba uThenjiwe wagcina engayitholanga inkululeko yakhe ayeyifuna, wagcina esevumelana nabantu ababengalihloniphi ilungelo lakhe. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.19 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UDumisani wayehlose ukuzifunela owakhe umakoti ozomgana maqede azakhele owakhe umuzi. √/
- Wayenokwesaba ukuthi ukungena kwakhe uThenjiwe kuyothukuthelisa umfowabo osewadlula emhlabeni. √/
- Wayesaba ukuthi abantu bazocabanga ukuthi nguye obulele uSikhumbuzo ngoba efuna ukungena umkakhe. √/
- Wathi akakaze alizwe leli siko ababekhuluma ngalo, ngakho-ke wayengaliqondi kahle ukuthi lisebenza kanjani. √/
- Wayesenengane kwakungenzeka ukuthi wayenenhloso yokushada nomama wengane yakhe. √/
- UThenjiwe wayemdala kunaye, wayengazimisele ukushada nomuntu omdala. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: ZINDABA EZIMFISHANE

## *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)

## UMBUZO 7

7.1 **Ilobolo-Scelo Zimema**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 Ufuna babonisane ngamalungiselelo okungcwaba indodakazi yakhe/umakoti kaMandlenkosi. √/ufuna ukucela usizo lwemali. √ (1)

7.1.2 Wayecasulwa ukuthi umukhwe wakhe wenqaba ukubonisana naye mayelana nosuku lomshado.√ (1)

7.1.3 OKUKODWA kwalokhu:

- 'Kufanele umelekelele umukhwe wakho uma ecela usizo …' √/
- Mandlenkosi, ngeke ukubalekele ukuthi kade sekuwumfazi wakho lowaya. √/
- Kufanele umngcwabe umakoti wakho Mntanami. √/
- Usungasale sewenza ubuntu phela Mntanami ngoba vele sase sibuphembile ubuhlobo. √ (1)

7.1.4 Yashona engozini yemoto eyabavelela behamba nabanye abantu lapho kwavalwa ngehlahla khona kubo bonke ababekhona. √√ (2)

7.1.5 OKUKODWA kwalokhu:

- Wayeqhosha ngokuthi uMandlenkosi akaqedile ukulobola futhi yena angambuyisela imadlana ayeseyikhokhile kungabi ndaba zalutho. √√/
- Kwancwajana yomshado yinto asengayihliphiza kalula. √√ (2)

7.1.6 Yebo ufezekile:
Umlingiswa omkhulu onguMandlenkosi uvela ngokushesha esingenisweni kanye nenkinga abhekene nayo. Emva kokuvezwa kwakhe umbhali uyashesha ukungena esigamekweni esakha umzimba wale ndaba. (ukushona kwengoduso kaMandlenkosi) √√ (2)

7.1.7 Yebo ukwazile. Le ndaba yenzeka endaweni eyodwa kubo kaMandlenkosi okuyindawo yasemakhaya kusuka ekuqaleni kuze kuyofika esiphethweni. √√. (2)

7.1.8 Sase sibuqalile ubuhlobo. √√ (2)

7.1.9 Izimpendulo ziyokwehluka.
**Abathi babeyomsiza bayothi:**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangizokwenza ubuntu ngiyingcwabe ingoduso yami engiyithandayo. √/
- Ngangizoyingcwaba ngoba ngesaba ihlazo lokuthi umakoti wami afihlwe ngendlela engenaso isizotha ngenxa yokushoda kwemali. √/
- Ukunqaba ukuyingcwaba kwakungeke kuzuzise muntu kulabo abathintekayo kule nkinga. √/
- Ngangizoyingcwaba ngoba kubalulekile ukuthi umuntu enze into elungile ngisho izimo zingasamvumeli ukuba enze njalo. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Abathi babengeke bamsize bayothi**:
Ngangingeke ngimsize ngoba:

- Wayeseyithathile imali eningi yelobolo ngakho-ke kwakumele asebenzise yona afihle indodakazi yakhe. √/
- Wayenqabile ukubonisana nami ngesikhathi izinto zisahamba kahle. √/
- Kwakumele acele izihlobo zakhe ukuba zimelekelele ngaphambi kokuba ayocela usizo kimina. √/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

7.1.10 Ulimi olusetshenziswe ngumbhali kule ndaba luhle ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo.

- Konke okwenzekayo, isigameko sokufa namalungiselelo omngcwabo kamakoti kaMandlenkosi kwethulwa ngokufingqekile. √√/
- Lubalungele abafundi bebanga leshumi nambili bolimi lokwengeza ngoba kulula kubo ukuluqonda.√√/
- Umbhali ulunonge ngezifengqo/izimo zokukhuluma ulimi alusebenzisile kule ndaba emfushane. Izibonelo: Umukhwe kaMandlenkosi wadilizwa emsebenzini, uzama ukungifaka ngekhanda, uyena oziholele amanzi ngomsele, njalonjalo.√√/ (2)

**KANYE**

7.2 **Lapho Kukhona Uthando – NE Mbesa**

**ISIQESHANA N**

7.2.1 Wayeyovakashela isoka lakhe elisha.√/Wayeya kwaBulawayo √/
Wayeya eZimbabwe. √ (1)

7.2.2 EZIMBILI kulezi ezilandelayo:

- IsiShona √/
- IsiNdebele √/
- IsiZulu √ (2)

7.2.3 OKUKODWA kwalokhu.
- Wayecabanga ngesoka lakhe. √√/
- Akalalanga ngenxa yokucabanga ngothando lwesoka lakhe abazobe bebonana okokuqala nalo.√√ (2)

7.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ibhasi ababehamba ngalo indlela yalo yaphelela ngasemfuleni omkhulukazi. √/
- Umfula bawuthola ungenisa kanti kwakufanele bawuwele ngesikebhe. √/
- Bangena esikebheni kanti isikebhe sizogumbuqela sebephakathi nomfula. √/
- UWanda wazama ukumbamba uSebenzile kodwa kwanhlanga zimuka nomoya. √/
- Badukelana kanjalo uSebenzile wagwiliza ngoba wayengakwazi ukuhlamba. √/
- Waquleka khona lapho emanzini waze waphaphama esesendlini yodaka. √ (2)

7.2.5 USebenzile wathola ukuthi uWanda ayehlangene naye esitimeleni nguyena uBen lo ayeya kuye oyisoka lakhe elisha. √√ (2)

7.2.6 OKUKODWA kwalokhu.
- Udlulisa umyalezo wokuthi uthando lweqiniso aluhlulwa yilutho, noma kungakhona izinselelo lugcina luphumelele. √√/
- Kungenzeka umuntu athole umaqondana wakhe ezinkundleni zokuxhumana. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wathola incwadi esemthethweni yokuhambela amazwe angaphandle. √/
- Wapakisha izingubo ezanele izinsuku ayezozihlala lapho ayeya khona. √/
- Waqongelela imali eyanele zonke izidingo zalolu hambo ayezoluthatha. √/
- Waphatha imininingwane efana nekheli lalapho eya khona kanye nesithombe somlisa ayeya kuye. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.2.8 OKUKODWA kwalokhu:
- Ubugebengu buningi kulesi sikhathi samanje futhi abusakhethi bulili, ngakho-ke kubalulekile ukuthi umuntu agawule abheke ashele abantu abaziyo. √√/
- Sekwande izifo ezithathelanayo akukuhle ukuzwana nomuntu ongamazisisi imvelaphi yakhe. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.2.9 Izimpendulo ziyokwehluka.
Umbhali usethulele kahle indikimba yale ndaba.
Indikimba yale ndaba uthando, usivezela ukuthi abantu bangenza noma yini ukuze bazuze/ bahlangane nezithandwa zabo. USebenzile wanqamula izinkalo walibhekisa kwaBulawayo ukuyohlangana nesithandwa sakhe uBen.√√

**NOMA**

Umbhali akasethulelanga kahle indikimba yothando ngoba indaba iphela singakababoni bethandana oSebenzile nesoka lakhe uBen.√√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

## UMBUZO 8

8.1 **Ungumzali Onjani? – DA Hlophe**

8.1.1 Yizingane azizalayo. √/Abantwana bakhe. √ (1)

8.1.2 Izizathu EZIMBILI kwezilandelayo:

- Imbongi ithi umzali akawasingathi amachwane akhe.√/
- Imbongi ithi akazifaki izingane endleleni eyiyo.√/
- Imbongi ithi uma kufika izivunguvungu zisuke zingakhuselekile izingane.√ (2)

8.1.3 <u>O</u>nhliziyo yakhe iyitshe
<u>O</u>ngafuni ukusinika√

Imvumelwano siqalo√ (2)

8.1.4 I-Enjambamenti yimigqa yenkondlo engenazo iziphumuzi ekugcineni ngoba isuke inomqondo owodwa oqala ngenhla uphelele ngezansi.√ √ Isibonelo: Ongafuni ukusinika
Iwisa nesihlangu. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

8.1.5 Impindwa: Ungumzali onjani. √ Iveza umuzwa wokukhathazeka/ wokudideka/wokucasuka/wokumangala√ ngoba ingakholwa yizenzo ezimbi ezenziwa ngumzali ezinganeni zakhe.√ (3)

8.1.6 Asilahle√/Asiphose √/Asijikijele √/Asishwibe√ (1)

8.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izingane kufanele zinikezwe amanye amalunga omndeni.√/
- Kufanele kubikelwe amanye amalunga omndeni ukuze aluleke lo mzali ukuthi ashintshe ukwenza kwakhe.√/
- Kufanele kubikelwe abezeNhlalakahle ukuze bangenelele ekusizeni izingane.√/
- Kufanele kubikelwe abeluleki bezengqondo ukuze basize umzali kanye nazo izingane ngocwaningo olumayelana nenkinga kanye nesixazululo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.1.8 Indikimba ithi: Ezomndeni/Ukuhlunyezwa kwezingane√: Iphumelele kahle ngoba ...
OKUBILI kwalokhu.
- Umzali nguyena okumele anakekele izingaze zakhe ukuze kwakheke umndeni ophilayo kodwa enkondlweni akakwenzi lokho.√/
- Izingane zinelungelo lokuvikeleka nokuthandwa ngumzali.√/
- Umzali kumele aqikelele ukuthi izingane zakhe ziyakuthola okuya ngasethunjini.√/
- Kumele azifundise ubuntu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**KANYE**

8.2 **Kwamfaz'ongemama – FF Mbatha**

8.2.1 Umendo√/umshado√ (1)

8.2.2 Ukudela.√/ngadela√ (1)

8.2.3 OKUKODWA kwalokhu:
- Imbiza ngomfaz'ongemama ngoba akusiyena umama oyizalayo imbongi kepha ngumama womyeni wakhe. √√
- Imbiza ngomfaz'ongemama ngoba abanye omamezala ababaphathi njengezingane zabo zangempela omakoti. √√
- Akuyena umama ongase abe nothando kanye nozwelo njengoba ifisa kube njalo imbongi. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

8.2.4 Noma **ngibangwa nezibi,** √

OKUKODWA kwalokhu:
Lesi simo sokukhuluma sichaza ukuthi ...
- Lowo muntu usuke egula kakhulu.√√/
- Lowo muntu usuke esesondelene nokufa ngenxa yokungaphili.√√ (3)

8.2.5 <u>Noma</u> ngingayisisulu sikamamezala,
<u>Noma</u> angangicakafula angichaphe√
Ukuxhumana siqalo√/ ukuxhumana ekuqaleni√ (2)

8.2.6 OKUKODWA kwalokhu:
Imbongi isebenzisa
- izivumelwano u(ngi-/nga-) √ <u>Ngi</u>dele konke ngayokwenda,√/
- ongumnini u- sami √ Uz'ube yisihlangu <u>sami</u> Baba,√ (2)

8.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imbongi ikhuluma ngokuthi iya ezweni engalazi futhi elikude lapho iyobhekana khona nezinkinga zasemshadweni.√/
- Iveza ukuthi noma ingagula lapho iya khona kuyothiwa iyazenzisa.√/
- Imbongi icela ukuba uMdali ayisize ayivikele lapho iyohlukumezeka khona.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

8.2.8 Isingathekiso√ (1)

8.2.9 OKUKODWA kwalokhu:

- Ukhombisa ukuthi uthembele kuMveli ukuthi uzomsiza ukuze amelane nesimo esibuhlungu abhekene naso. √√/
- Uze asho nokuthi uyobekezela noma ethukwa futhi ayigcine yonke imithetho yasemshadweni. √√/
- Uthi uthunjwe uthando enhliziyweni yakhe. √√/
- Lo muntu wesifazane usezinikele kule mpilo yasemshadweni ngoba uze asho nokuthi akusenani useyobekezela futhi azithobe kwamfaz'ongemama. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

8.2.10 Izimpendulo ziyokwehluka.

Yebo ngiyavumelana ngoba:

OKUKODWA kwalokhu:

- Abanye abantu besifazane bahlukunyezwa ngomamezala babo, babethuke ngezinhlamba. √√/
- Abanye omamezala bakhomba omakoti ukuthi yibo abasuke benze okungalungile uma kukhona into eyonakele ekhaya.√√/
- Kukho konke ukuhlukumezeka kwabo kusuke kulindeleke ukuthi umakoti abekezele, angazivikeli kepha athobe. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

**NOMA**

Cha angivumelani ngoba:

OKUKODWA kwalokhu:

- Kwesinye isikhathi umakoti usuke engahlukunyezwa kepha kube ngukuthi nje uqala impilo entsha nomama omusha owenza izinto ngendlela eyahlukile kulena abeyejwayele.√√/
- Imindeni inendlela eyahlukene yokukhuluma. Ngakho-ke kungenzeka ukuthi lokhu okuthathwa ngokuthi kuyinhlamba, kuyingxenye yolimi olusetshenziswa kulo muzi agane kuwona bengaqondi bona ukuthi kukhona ohlukumezekayo ngayo.√√/
- Kuyenzeka umndeni umamukele kahle umakoti kepha kube nguye ogcina esehlukumeza umndeni ngezenzo zakhe.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**